



Nsuku zonke uNhlawulo uhamba ngezinyawo uma eya noma ebuya esikoleni.

Kuyibanga elide ukuya esikoleni. UNhlawulo ufisa sengathi ngabe unebhayisikili.





Njalo ekuseni uma eya esikoleni, uNhlawulo udlula epaki, adlale umjikozo.

“Ngifisa sengathi ngingadlala lapha ilanga lonke,” ecabanga.

UNhlawulo uhamba aze afike ebhikawozi. Uyama alunguze ngefasitela.

“Ngifisa sengathi ngingadla lenhlobo yamakhekhe,” ecabanga.





UNhlawulo uhamba aze afike esitolo sezicathulo. Uyama alunguze ngefasitela.

Ubona izicathulo ezinhlobonhlobo.

“Ngifisa sengathi lezi zicathulo eziphephuli zingaba ngezami,” ecabanga.

UNhlawulo uhamba aze afike esitolo esithengisa umculo. Uyama alunguze ngefasitela.

“Ngifisa sengathi ngingafunda ukudlala lezigubhu,” ecabanga.





Ekugcineni uNhlawulo uma esitolo esithengisa amathoyizi. Efasiteleni kukhona ibhayisikili elihle eliphuzi.

“O! Ngiyalithanda lelibhayisikili! Kuyisifiso sami esikhulu ukuba nalo. Ngingahamba ngalo uma ngiya esikoleni,” ecabanga ekhathazekile.

Ngosuku olulandelayo, ngenkathi ebuyela ekhaya, uNhlawulo ulunguza efasiteleni lesitolo samathoyizi.

Ibhayisikili eliphuzi alisekho! Lithengiwe.

“Ingabe ngubani onenhlanhla engaka,” kucabanga uNhlawulo ekhathazekile.





UNhlawulo udlula esitolo somculo, esitolo sezicathulo nasebhikawozi. Akusavumi ame adlale nasepaki. Inhliziyo yakhe ibuhlungu. Ubelithanda kakhulu leliya bhayisikili.

UNhlawulo ufika ekhaya, ukhathele.

Umama wakhe umlindile.

“Bheka ukuthi ngikuthengeleni, Nhlawulo!” kusho umama.

Yibhayisikili eliphuzi!





Isifiso sikaNhlawulo sifezekile.

UNhlawulo usegibela ibhayisikili uma eya esikoleni.

Akasami ndawo!